



**INCWADI
YOMFUNDI**

Platinum

Amakhono Empilo

S. Adams • T. Barnard • C. Gleeson-Baird • C. De Vries • L. Shaw

Platinum Amakhono Empilo Ibanga 2 Incwadi Yomfundi

Maskew Miller Learning (Pty) Ltd
10 Freedom Way, Milnerton, Cape Town, 7441

© Maskew Miller Learning (Pty) Ltd 2025

Wonke amalungelo agodliwe. Ayikho ingxenye yalolushicilelo efanele yenziwe

kabusha, ilondwe endaweni enokutholakala kuyo lula, noma idluliselwe phambili ngolunye uhlobo noma ngenye indlela, ye-elektroniki, kusetshenziswa imishini, ngokwenza amakhophi, ngokuqoshwa, noma ngezinye izindlela, ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yalowo onamalungelo alokho okushicilelwe.

Ukuthola imvume yokushicilela noma ukusebenzisa ingxenye layencwadi, xhumana neqembu lwamaLungelo nezimvume kule nombolo 021 532 6000 noma uthumele i-imeyili ku: rightsgranting@mml.co.za. Ukubika abaphula umthetho welungelomnikazi sicela uthumele umyalezu ku: copyright@mml.co.za.

Ishicilelwe ngowezi: 2025

ISBN 978-1-779-83522-2

ePDF ISBN 978-1-834-97920-5

Umshicileli ngu: Anusia Naicker-David

Umhleli ophethe ngu: Ru Bailey

Ihlelwe ngu: Ayanda Mahlangu

Ikhava yencwadi yahlalwa yi: MML Visual Design

Umdwebo kwikhava yencwadi ngu: MML Visual Design

Incwadi idizayinwe u: MML Visual Design

Umdwebo ngu: Chamique Johnson, MML Visual Design, Danielle Albertyn, Dolph Banza, Angie Bowring, Stellah Irungu, Bennie Kruger, Ronell Lareman, Patrick Latimer, Amos Ndiyoyi, Lauriane Neave, Lindsey van Heerden & Bev Victor

Ukuhlelwa kokuthayipha yi: Olivia Brink

Igaywe abakwa

Ukubonga

Izithombe

Ababhali kanye nomshicileli babonga ukusetshenziswa kwalezi zithombe ezilandelayo:

p2, happylark / 123RF; p3a, anaumenko / 123RF; p3b, rastkobelic / 123RF; p3c, marctran / 123RF; p7b, olyasolodenko / 123RF; p20d, prostoolah / 123RF; 83a, Stuart Boulton / Alamy Stock Photo; p86a-b, grgroup / 123RF; p151b, ruslan / 123RF; p155, Chronicle / Alamy Stock Photo; p166a, vanreeell / 123RF; p166b, djvstock / 123RF;

Shutterstock

p0b, Andrew Williams; p20b, santypan; p20c, Halfpoint; p21, New Africa; p24a, Motortion Films; p24b, didesign021; p24c, Roman Chazov; p24d, Halfpoint; p26, DG FotoStock; p28, Colorfuel Studio; 29a, Teguh Mujiono; 29b, Colorfuel Studio; p30, THP Creative; p34a, Spreadthesign; 34b, sciencepics; p37a, Aonprom Photo; p37b, Cullen Macias; p37c, s.r graphics ; p42, Milya Shaykh; p46a, kapichka; p46c, WESTOCK PRODUCTIONS; p46d, wavebreakmedia; p52a, THMorningMonday; p52b, Aninka Bongers-Sutherland; p52c, star designer; p52d, baibaz; p53a, Audrius Merfeldas; p53b, Casther /Shutterstock; 53c, gorillaimages; p54, Kazakova Maryia; p55a, Serenity Images23; p55b, Terelyuk; p55c, PJ photography; p55d, Donna Bollenbach; p56a, patjo; p56b, Saley Yanny; 60a, acceptphoto; 60b, Animaflora PicsStock; 60c, Ramon Cliff; p60d, Courtney Jenckes; p603, Emile E Wendling; p62a, Anna Hoychuk; p62b, New Africa; p62c, Nitr; p63a, VLADIMIR VK; p63b, Sergey Moskvitin; p63c, Loren Maring; p64, Volodymyr Burdiak; p66a, MPH Photos; p66b, Artush; p67, Jordan_Abroad; p72, puyalroyo; p78a, Benerys; p78b, Martin Blazicek; p78c, Oleksandr Smushko; p78d, nicemyphoto ; p78e, Ryan Bemben; p78f, Vladimir Turkenich; p79a, Hannes Thirion; p79b, Siahay Photo Corner; p79c, Roberto_Rossi; p80a, Platoo Studios/ Shutterstock ; p80b, Umomos; p80c, EiHeyYee; p80d, Azay photography; p80e, Emaruchi; p82, Zviozdochka; 83b, Olga Listopad; 83c, Marianne Pfeil; p85, Eric Isselee; p86c, Will Power Studio; 91a, Platoo Studios/ Shutterstock; p91b, Hannes Thirion; p91c, Ryan Bemben; p91d, Umomos; p92, MPH Photos; p96a, imstock; p96b, loesak pakdeeto; p96c, kram-9; p103, kram-9; p107a, Abraham Overvoorde; p107b, Denis Belitsky; p109a, Pedal to the Stock; p109b, Mny-Jhee; 109c, Foto-up; p109d, Aerial-motion; p111a, Waldemar Manfred Seehagen; p111b, artmanul; p111c, Aleksandr Merkushev; p111d, NAN728; p112a, gpointstudio; p112b, freevideophotoagency; p121a, Techzila; p121b, Millionstock; p136, Silver Spiral Arts; p140a, Aoraee; p140b, luma_art; p146a, Grobler du Preez; p146b, Grobler du Preez; p146c, Jurie Maree; p146d, Serah Polito; p146e, EcoPrint; p151a, H_Ko; p151c, yana_vinnikova; p151d, gcafotoграфия; p151e, New Africa; p156, Andrii_Malysh; p159a, RS-74; p159b, Red Confidential; p159c, La Gorda; p163a, Africa Studio; p163c, Kamonkanok; p163d, diplomedia; p163e, Ground Picture; p171, Alina Machado; p172a, IndianFaces; p172b, New Africa; p172c, Roman Samborskyi; p173, katsuba_art; p176a, Worraket; p176b, Smit; p176c, tratong; p176d, Veronica Rentoul; p177, TigerStocks; p178a, StockImageFactory.com; p178b, phive; p178c, Indian Food Images; p178d, NIKS ADS;

Siyakwemukela Ekufundeni Okuhlalabahlalile

Mfundi othandekayo,

Siyakwamukela kule ncwadi ethokozisayo! Uzohlangana nabalingiswa abamangalisayo; njengoba nje umlingisi ngamunye ekhethekile ngendlela yakhe, nawe unjalo!



Thabo



Tuck Shop Lady



Lily



Sahil



Tebogo



Amina



Zara



Lulama



Lina



Aiden




Khaya


Uzothola okulandelayo encwadini yakho yokufunda, okuzokusiza ukukuqondisa kuhambo lwakho olujabulisayo olugcwele ukufunda nokuvumbulula.

Ake siqale: Isihloko ngasinye siqala ngolwazi olubalulekile ozofunda ngalo.

Isikhathi sokuhlola: Imisebenzi ejabulisayo ekukhuthaza ukuthi uhlole imibono emisha, ufunde amaqiniso amnandi futhi uxazulule izindida.

Amagama amasha: Funda amagama amasha azokusiza ukhulise ulwazimagama lwakho.

Ubuciko nomsebenzi wezandla: Uma ubona lesi sinala,  isikhathi sokusebenzisa umcabango wakho sesifikile.

Isifundo Sokuzivocavoca: Sekuyisikhathi sokunyakaza umzimba wakho uma ubona lesi sinala. 

Ake sihlale: Ekupheleni kwesihloko ngasinye, qedela le misebenzi ukuze uziqhenye ngokuthi kungakanani okufundile!

Ukuhlola okusemthethweni: Lokhu kuzohlola ukuthi ukuqondisise kahle kangakanani konke okufundisiwe ethemini yonke.

Le ncwadi izokukhuthaza ukuthi usebenze uwedwa, futhi ngamaqembu. Nizocula, nidanse futhi nifunde ndawonye. Qiniseka ukuthi ulungiselela ikilasi ngalinye futhi ubuze uthisha wakho imibuzo eminingi ngangokunokwenzeka.

Lungela ukufunda, ukudlala nokusebenzisana nabangani bakho.

Kujabulele ukufunda.

Ithemu 1

Isihloko 1: Esikudingayo ukuze siphile.....	vi
Ukudla okukhulisayo, okunika amandla nempilo.....	2–3
Kungani sidinga amanzi?	4
Umoya ohlanzekile	5
Ukukhanya kwelanga.....	6
Make sibheke	7
Isihloko 2: Mina nabanye.....	8
Yini eyenza umuntu abe umngani omuhle?	10–12
Abantu esikoleni nasekhaya.....	13
Ukukhombisa inhlonipho nokusiza abanye	14–16
Ukuqinelana nokuzethemba	17–18
Make sibheke	19
Isihloko 3: Wonke umuntu ubalulekile	20
Abantu bayefana futhi abantu behlukile.....	22–23
Izinto ezisiza abantu	24–25
Ukunakekela abantu abakhubazekile	26–27
Ngingaba yiqhawe	28–30
Make sibheke	31
Isihloko 4: Ukuphila ngendlela efanele	32
Uhlala kanjani unempilo	34–35
Yini esenza singabi nempilo?	36
Izinto ezisilimazayo	37
Ukuvikela ukudla esikudlayo	38
Izindlela ezilula zokuhlaza amanzi	39–40
Izinsuku zenkolo kanye namaholide akhethekile.....	41–42
Make sibheke	43
Ukuhlola okuhleliwe Itemu 1.....	44–45

Ithemu 2

Isihloko 5: Izikhathi zonyaka.....	46
Izikhathi zonyaka ezine	48–49
Izinkathi zonyaka zisithinta kanjani	50–52
Ingabe izinkathi zonyaka zithinta kanjani izinto ezikhulayo	53
Izigaba zempilo zesitshalo sobhontshisi	54
Izinkathi zonyaka zizithinta kanjani izilwane	55–56
Make sibheke	57
Isihloko 6: Izilwane	58
Izilwane zasepulazini	60–61
Imisebenzi yezilwane zasepulazini.....	62–63
Izilwane zasendle.....	64–65
Izilwane ezizifihlayo.....	66
Izilwane ezisengozini	67
Make sibheke	69
Isihloko 7: Izilwane ezihlala emanzini.....	70
Yini ehlala emanzini amahle....	70–74
Yini ehlala emanzini anosawoti	75–76
Make sibheke	77
Isihloko 8: Amakhaya Ezilwane.....	78
Izilwane ezizenzela amakhaya azo	80–82
Izilwane ezihamba ziwafuna amakhaya azo	83–84
Izilwane eziziphathelayo amakhaya azo	85–88
Izinsuku zezenkolo nezinye izinsuku ezikhethekile	89–90
Make sibheke	91
Ukuhlola okuhleliwe Itemu 2.....	92–93

Okuqukethwe

Ithemu 3


Isihloko 9: Inhlabathi	94
Izinhlobo zenhlabathi.....	96
Izidalwa ezingahlali emanzini..	97–98
Umhlabathi wokukhulisa izitshalo	99–102
Make sibheke	103
Isihloko 10: Izinto zokuhamba.....	104
Ziyini izinto zokuhamba?	106
Izitimela	107–108
Izindiza.....	108–110
Izinto zokuhamba ezihamba emanzini.....	111–112
Ukusetshenziswa kwezinhlobo ezehlukene zezinto zokuhamba	113–114
Make sibheke	115
Isihloko 11: Ukuphepha Emgwaqeni	116
Ukuphepha emgwaqeni kwabahamba ngezinyawo	118
Ukuphepha emgwaqeni kwabagibeli bamabhayisikili	119
Ukuphepha kwabagibeli emgwaqeni	120
Izimpawu zomgwaqo zabahamba ngezinyawo kanye nabagibeli bamabhayisikili.....	121–122
Abawelisa izingane zesikole emgwaqeni	123
Indlela izikhulu zomgwaqo ezisisiza ngayo.....	124–126
Make sibheke	127
Isihloko 12: Abantu abasisizayo	128
Indlela abantu abahlukene abangisiza ngayo.....	132–133
Indlela engicela ngayo imininingwane kanye nosizo	134
Indlela yokucela usizo esimeni esiphuthumayo	135
Izinsuku zenkolo kanye nezikhethekile	136
Make sibheke	137

Ukuhlola okuhleliwe Itemu 3.....138–139

Ithemu 4

Isihloko 13: Izwe lethu	140
INingizimu Afrika	140
Ibalazwe laseNingizimu Afrika.....	142
Ifulegi laseNingizimu Afrika nokuthi singalibona kuphi.....	144
IHubo lesiZwe laseNingizimu Afrika.....	145
Izimpawu zesizwe zaseNingizimu Afrika	146
Make sibheke	147
Isihloko 14: Izindlela ezahlukene esixhumana ngazo	148
Ukukhuluma ukuze uxhumane nabanye	150–154
Funda ukuze usho okuthile ..	155–156
Ukusebenzisa izikhangisi ukuze usho okuthile	157
Ukulalela ukuthola ulwazi....	158–162
Ukubaluleka kokuxhumana .	163–164
Make sibheke	165
Isihloko 15: Imini nobusuku	166
Izinto engizenza ebusuku	168–171
Abantu abasebenza ebusuku.....	172–175
Izilwane ezivuka ebusuku....	176–177
Izinsuku zenkolo kanye nezinye ezikhethekile	178
Make sibheke	179
Ukuhlola okuhleliwe Itemu 4	180–181
Amagama amasha	182–186


Isihloko 1: Esikudingayo ukuze siphile



Isihloko 1: Esikudingayo ukuze siphile

Make siqale

1. Yikuphi ukudla kwakho okuthandayo?
2. Ingabe lokhu kudla okunempilo noma okungenampilo?
3. Uyakuthokozela ukudlala phandle?
4. Yimiphi imidlalo oyithokozelayo ukuyidlala?
5. Phonsa futhi ubambe isikhwama sikabhontshisi noma ibhola nomngane wakho. Bala ukuthi ungaphonsa kangaki futhi ubambe isikhwama sikabhontshisi noma ibhola ngaphandle kokuliwisa.



Amagama
amasha

okunempilo – izinto ezigcina imizimba yethu inamandla

okungenampilo – izinto ezenza imizimba yethu igule

Ukudla okukhulisayo, okunika amandla nempilo



Umsebenzi 1

uThabo amaswidi nama-chips kanye nophaya esitodlwani sasesikoleni.

Sebenzani ngababili.

1. Yini esinikeza **amandla**?
2. Yini engenziwa uThabo, ukuthola amanye amandla?
3. Ucabanga ukuthi uThabo uyakhathala?

amandla – esikudingayo ukuze imizimba yethu ikwazi ukusebenza noma ukudlala imidlalo



Igama elisha

Umsebenzi 2

Sebenza wedwa

UThabo angahamba ngebhuloki elilodwa ngesikhathi. Angahamba aye phezulu, kwesokunxele, ezansi nakwesokudla. Qala kunxantathu ophuzi.

Landela iqoqo ngalinye lemicibihsolo bese ubona ukuthi imuyisa kuphi uThabo.



Kungani sidinga amanzi?

Umsebenzi 3

Sebenza wedwa. 

1. Yenza uhlu lwazo zonke izindlela uMbali asebenzisa ngazo amanzi.
2. Bhala futhi ezinye izindlela ezimbili esisebenzisa ngazo amanzi.



Isikhathi sokubona

Sebenzani ngababili.

Avela kuphi amanzi?

1. Yenza iphosta ekhombisa izindawo ezinhlanu lapho sithola khona amanzi.
2. Sebenzisa izincwadi ne-inthanethi ukukusiza.
3. Tshela ikilasi ukuthi ufundeni.

Umoya ohlanzekile

Abantu badinga umoya ukuze baphile. Ngaphandle komoya ohlanzekile abantu bangagula.



Umsebenzi 4

Sebenzani ngababili.

1. Kwenzekani esithombeni ngasinge?
2. Kungani umfana ebambe ikhala lakhe?
3. Kungani udinga umoya ohlanzekile?
4. Ucabanga ukuthi izitshalo nezilwane zidinga umoya ohlanzekile? Ngobani?

Ukukhanya kwelanga

Amagama
amasha

ukushiswa

yilanga –

isikhumba esibuhlungu
sibangwa ukuhlala isikhathi
eside kakhulu elangeni

vikela – ukugcina umuntu
noma into iphephile



Umsebenzi 5

Sebenza wedwa.

Buka isithombe bese ufunda amalebula.

1. Kungani ilanga lilihle kithina?

Qala umusho wakho ngokuthi: Ilanga lihle kakhulu
kithina ngoba _____.

2. Kungani ilanga lingaba yingozi kithina?

Qala umusho wakho ngokuthi: Ilanga lingaba
yingozi kithina ngoba _____.

3. Kufanele **usivikele** kanjani isikhumba sakho
elangeni?

Qala umusho wakho ngokuthi: Kumele ngivikele
isikhumba sami elangeni ngokuthi _____.

Make sibheke

1. Yisiphi isikhafithini esinempilo?



2. Khetha impendulo efanele emushweni:

Sidinga ukusebenzisa (amanzi/i-sunblock) esikhumbeni sethu lapho sizoba selangeni.

3. Ingabe lo musho uyiqiniso noma awulona iqiniso?

Intuthu yemoto isiza izilwane, izitshalo nabantu baphefumule umoya ohlanzekile.

4. Dweba isithombe sokuthi uwasebenzisa kanjani amanzi ekhaya.



Isihloko 2: Mina nabanye



Make siqale

Sebenzani ngababili.

1. Singaba kanjani nomusa kwabanye abantu?
2. Umduduza kanjani umngani ozizwa edangele?
3. Yenza uhlu lwezinto ezintathu ongazenza ukwenza ingane efikayo ekilasini lakho izizwe yamukelekile.



Isikhathi sokubona

Sebenzani ngababili.

1. Uzizwa kanjani lapho usiza abanye abantu?
2. Uzizwa kanjani lapho usizwa ngabanye abantu?


Yini eyenza umuntu abe umngani omuhle?

Umsebenzi 1

Sebenza wedwa.

Yiziphi **izici ezinhle** ezenza umuntu abe umngani omuhle?

1. Bhala phansi izici ezinhle ezine ezenza umuntu abe umngani omuhle.
2. Bhala phansi izici ezinhle ezine ezikwenza ube umngani omuhle kwezinye izingane.



Amagama amasha

izici ezinhle – Izinto ezinhle ngomuntu yizinto okuyizona ezimenza abe umuntu okhethekile

ubungani – Abantu abachitha isikhathi ndawonye ngenxa yokuthi bathanda izinto ezifanayo

Umsebenzi 2

Sebenzani ngababili.



Qedela inkondlo yobungani ngokubhala izici kanye nezenzo ocabanga ukuthi abangani abahle okumele babe nazo.

Sebenzisa amagama asebhokisini ukukusiza.

Umngani Wami

Umngani wami u _____ umuntu olunge kakhulu engimaziyo,
(igama lomngani)

Ba _____ , _____ futhi uhlakaniphile.
(isici esihle anaso) (isici esihle anaso)

Umngani wami uyazilalela izindaba zami zonke izinsuku.

Kungenza ngizizwe _____ lapho sidlala.
(umuzwa)

Uhlale ezimisele _____ nokuphana
(izenzo)

Kukhombisa ukuthi ukhathala kangakanani.

Ngishilo ukuthi uphinde a _____ futhi?
(isici esihle anaso)

Umngani omuhle kimina nawe.

izici ezinhle anazo: uthembekile, wenza kube mnandi uma ekhona, unomusa, unesineke, uyaqonda uma umchazela, uyamukela, uyakhathala

imizwa: ujabulile, uyathandwa

izenzo: khuluma, lalela, dlala, siza

Umsebenzi 3

Buka izithombe.

1. Kwenzekani esithombeni ngasinye?
2. Yisiphi isithombe esikhombisa isici esihle sobungani?



Abantu esikoleni nasekhaya

UMnumzane Anwar unguthisha esikoleni esiseLimpopo. Uthisha othandwa kakhulu abafundi ngoba unomusa, uyakhathala futhi uyabalalela. Wonke umuntu uba nesikhathi esimnandi ekilasini likaMnumzane Anwar.

Amagama amasha

inhlonipho – ukuba nomusa kubantu nokulandela imithetho

Umsebenzi 4

Sebenzani ngababili.

1. Yimaphi amakhadi akhombisa inhlonipho kuthisha nesikole?
2. Yimaphi amakhadi akhombisa ukungahloniphi othisha nesikole?

Ukudweba edeskini nesihlalo sami

Ukulandela imithetho yesikole

Ukuba nomusa kwezinye izingane

Ukuba luhlaza kothisha

Ukungawenzi umsebenzi okudingeka ngiwenze.

Ukwenza umsebenzi wami wesikole ngiwuqede


Ukuba luhlaza kwezinye izingane

Sibingelela othisha bethu lapho sibabona

Ukukhombisa inhlonipho nokusiza abanye



Sikhombisa inhlonipho ngokusiza abantu.



Siyabahlonipha abantu abahlukile kithina.



Sikhombisa inhlonipho ngokugcina amakilasi namakhaya ethu ahlanzekile.



Sikhombisa inhlonipho ngokunakekela abantu abadala.

Umsebenzi 5


Sebenzani ngababili.

1. Izingane zikhombisa kanjani inhlonipho kwabanye abantu?
2. Yenza iphosta ngopende ukukhombisa inhlonipho. Khetha umbono owodwa kulezi zithombe, noma usebenzise owakho umbono.
3. Xoxela ikilasi ngephosta yakho.

Kwesinye isikhathi asibakhombisi abantu inhlonipho. Uma senza lokhu, kufanele sixolise kulabo bantu.

Zac, ngicela ucoshe iphepha phansi?

Akulona iphepha lami, Mnu. Anwar! Angifuni ukulicsha!



Umsebenzi 6

Sebenza wedwa.

1. Ingabe uZac ukhombisa inhlonipho noma ukungahloniphi uMnu. Anwar?
2. Ukube wena unguMnu. Anwar, ungajabula ukunikwa impendulo enikezwa nguZac?
3. Yini elandelayo okufanele ayenze uZac?
4. Ake uzenze uZac bese wenzela uMnu. Anwar ikhadi.

Okufanele ukubhale ekhadini lakho:

- Xolisa kuMnu. Anwar
- Thembisa uMnu. Anwar ukuthi ngeke uphinde ukhulume naye kanjalo.
- Dweba isithombe esizokwenza uMnu. Anwar amamatheke.

Umsebenzi 7

Sebenza wedwa.



1. Dweba ulandelele isandla sakho encwadini yakho.
2. Bhala phansi izenzo ezinhlanu ongazenza ezingaba usizo futhi zikhombise inhlonipho kwabanye.
3. Bhala phansi isenzo esisodwa emunweni ngamunye.



ukuqinela

– ukusho noma ukwenza izinto ezimbi kwabanye abantu

ukuzethemba

– Indlela ozizwa ngayo ngawe



Isikhathi sokubona

Sebenzani ngababili.

Uma usize umngani, ngabe kumele ulindele ukuthola okuthile?

Ukuqinelana nokuzethemba

Ukuqinelwa yilapho umuntu ephatha kabi omunye umuntu ngaphandle kwesizathu.

Uma abantu beqinelwa, kubenza bazenyeze.

Indlela esizizwa ngayo ngobuthina kubizwa **ngokuzethemba**.

Umsebenzi 8

Sebenzani ngababili.

1. Kwenzekani esithombeni?
2. Uzizwa kanjani uma ezinye izingane zenza lokhu kuwena?
3. Ubani ongasisiza uma siqinelwa?
4. Singabenza kanjani abantu bazizwe kangcono ngobubona?



Umsebenzi 9

Sebenzani ngamaqembu. 🎉

Yenzani umyalezo weketango.




Uzodinga:

- Iphepha lemibala ehluke likasayizi oyi-A4
- Amapeni anombala
- Isikele
- I-stapler

Imiyalelo:

1. Sika amakhasi anombala abe yimicu emi-5.
2. Nikeza umfundi ngamunye umucu owodwa.
3. Umfundi ngamunye kufanele abhale phansi:
 - Indlela eyodwa yokugwema ukuqinelwa
 - Indlela eyodwa yokukhombisa inhlonipho kwabanye.
4. Goqa umucu ngamunye ukwakha ilinki. Sebenzisa i-stapler ukuhlenganisa yonke imicu ndawonye wenze iketango.
5. Hlobisa ikilasi ngomyalezo weketango.

Make sibheke

1. Yisho izici ezintathu okumele umngani omuhle abe nazo.
2. Ungakhombisa kanjani inhlonipho kwabanye?
3. Khetha igama elifanele: Ukuqinelwa kwenza abantu bazizwe (kahle/kabi) ngabo.
4. Ungakuqeda kanjani ukuqinelwa kwabanye enkundleni yokudlala?
5. Sebenza nomngani ukuze ukwazi ukuma ngomlenze owodwa. 
6. Zimele ngomlenze owodwa. Qala ume ngomlenze wesokudla, bese uma ngomlenze wesokunxele. Bala ukuthi ungama isikhathi esingakanani umlenze ngamunye.



Isihloko 3: Wonke umuntu ubalulekile



Make siqale

Buka izithombe.

1. Yini eyenza abantu abasezithombeni babe ngabakhethekile?
2. Yini ekwenza ube okhethekile?
3. Yini eyenza abangani bakho babe abakhethekile?



Isikhathi sokubona



Akekho umuntu oneminyatheliso yesandla efana neyakho. Sebenzani ngababili.

1. Penda amachopho eminwe yakho ngopende oluhlaza okwesibhakabhaka uwucindezele ekhasini.
2. Buka ngokucophelela iminyatheliso yeminwe yakho kanye neminyatheliso yeminwe yomngani wakho.
3. Ingabe iyefana?

okukhethekile – into esenza sehluke kwabanye abantu
iminyatheliso yeminwe – iphethini yomaka abenziwe iminyatheliso yeminwe yethu

Amagama amasha

Abantu bayefana futhi abantu behlukile

Umsebenzi 1

Sebenza wedwa.

Hambahamba ekilasini futhi uthole izinto **ezifanayo** kanye **nezehlukile** phakathi kwakho nabanye ofunda nabo ekilasini.

1. Thola umuntu owenze isitayela sezinwele esifana nesakho.
2. Thola umuntu odlala imidlalo eyehlukile kunalena edlalwa uwena.
3. Thola umuntu ofaka izibuko zamehlo.
4. Thola umuntu olinganayo nawe ngobude.

okufanayo – izinto ezifanayo

okwehlukile – izinto ezingefani


i-braai – ukosa inyama emalahleni abasiwe

i-melkert – isibiliboco esisaswidi saseNingizimu Afrika esinoqweqwe lukaphaya



Amagama
amasha

ULilanie no-Enhle bathanda ukuchitha isikhathi nemindeni yabo. Bafunde ukuthi noma imindeni yabo yehlukile, kodwa iyefana ngezindlela eziningi futhi.



Umsebenzi 2

Sebenzani ngababili.

1. Ukhuluma luphi ulimi u-Lilanie?
2. Nikhuluma luphi ulimi nina kini?
3. Yikuphi ukudla okusetafuleni okuthandayo?

Izinto ezisiza abantu

Umsebenzi 3

Sebenzani ngababili.


Ingabe lezi zinto zibasiza kanjani abantu?



Izibuko zokufunda nokubona izinto ezikude.




Udondolo olusetshenziselwa ukuhamba.



Inja yabangaboni nenduku emhlophe yokudondolozela.



Izinsizakuzwa.



Isikhathi sokubona

Thola kabanzi mayelana nabantu baseNingizimu Afrika abaphumelele abaphila nokukhubazeka. Sebenzisa amaphaphendaba, amaphephabhuku noma i-inthanethi ukuze ikusize.

Yabelana ngalokho enikutholile nekilasi lakho.

Umsebenzi 4

Sebenzani ngababili.

Umdlalo wokuvala amehlo

Uzodinga:

- Okokuvala amehlo
 - Ibhola lethenisi noma induku
1. Okokuvala amehlo kukaphathina wakho. Qiniseka ukuthi akaboni lutho.
 2. Beka ibhola lethenisi noma induku endaweni lapho uphathina wakho ezodinga ukuthola khona.
 3. Yima nophathina wakho ovalwe amehlo.
 4. Tshela uphathina wakho ukuthi uzolithola kanjani ibhola lethenisi noma induku. Myalele ukuthi uzofika kanjani kulona.

Ukunakekela abantu abakhubazekile

Funda indaba kaNomisa.

UNomisa yintombazanyana eneminyaka eyisi-8 esebenzisa isihlalo sabakhubazekile ngoba akakwazi ukuhamba. Uqale esikoleni esisha lapho edinga ukusebenzisa amaphasishi okuhamba ukuze afinyelele ekilasini. UNomisa kwesinye isikhathi akaphumi ekilasini ngesikhathi sekhefu ngoba ukhathele kakhulu ukusebenzisa amaphasishi. Kulukhuni kuNomisa ukuthola abangani ngoba uhlala yedwa ekilasini ngesikhathi sekhefu.



Umsebenzi 5

Sebenza wedwa.

1. Ukube uNomisa wayeyingxenge yekilasi lakho, ubungamsiza kanjani?
2. Kungani uNomisa ehlala yedwa ngesikhathi sekhefu? Ngobani?
3. Ungazizwa kanjani wena uhlala wedwa ekilasini ngesikhathi sekhefu?

Amagama
amasha

ukukhubazeka –

lapho ungakwazi ukusebenzisa ingxenge ethile yomzimba wakho

irempu – indawo yaphansi yenza kube lula ukuthi umuntu aqhube inqola yakhe ehamba ngamasondo kunokusebenzisa izitebhisi.




Umsebenzi 6

UJabu unomngani, uKhosi ongakwazi ukuzwa kahle ezindlebeni. uKhosi uyakwazi ukuzwa lapho abantu bekhuluma usebenzisa **izinsizakuzwa**. Kwesinye isikhathi usebenzisa **ulimi lwezandla** ukukhuluma nabantu.

Sebenzani ngababili.

Buka izithombe ezingezansi.

UJabu ukhuluma kanjani noKhosi?



Amagama
amasha

insizakuzwa – into oyifaka phakathi noma ngemuva kwendlebe ukukusiza ukuthi uzwe

ulimi lwezandla – ukusebenzisa izandla zakho noma ezinye izingxenye zomzimba wakho ukukhuluma

Ngingaba yiqhawe

Umsebenzi 7

Sebenzani ngababili.

1. Yini iqhawe?
2. Ingabe udinga ukuba umuntu omdala ukuze ube yiqhawe?
3. Ungaba kanjani yiqhawe manje?

Umsebenzi 8

Sebenza wedwa.

Buka izithombe.

Ungaba kanjani yiqhawe?



Ngingaba yiqhawe ngokuthi _____.



Ngingaba yiqhawe ngokuthi _____.



Ngingaba yiqhawe ngokuthi _____.

iqhawe – umuntu okhuluma noma osho izinto ezisiza abanye abantu

Igama elisha

Umsebenzi 9

Sebenza wedwa.



1. Dweba isithombe sakho.
2. Qedela imisho mayelana namaqhawe akho.

Iqhawe lakho ngu _____.

Uyiqhawe lami ngoba _____.


3. Yenza imaski yakho yeqhawe lakho.

Uzodinga:


- Ishadi
- Ipensela, amakhrayoni, amakhoki
- Isikele
- Ilastiki noma intambo

Imiyalelo:

1. Dweba umumo wemaski eshadini.
2. Sika kahle imaski.
3. Cela uthisha wakho akusize ukwenza izimbobo ezincane ohlangothini ngalunye lwemaski.
4. Faka ilastiki noma intambo embotsheni ngayinye bese ubopha ifindo.
5. Sebenzisa umbala ukuze uhlobise imaski yakho.





Make sibheke


1. Ufana kanjani wena nezingane zasekilasini?
2. Wehluke kanjani wena nezingane zasekilasini lakho?
3. Ungabanakekela kanjani abantu abakhubazekile?
4. Ungaba kanjani yiqhawe?
5. Yenza sengathi umkhulu futhi umude njengendlovu.  Lula umzimba wakho ukuze ugcine lapho okwazi ukufinyelela khona.
6. Yenza sengathi umncane njengegundane. Finyeza umzimba wakho ukuze uwenze ubemncane.



Isihloko 4: Ukuphila ngendlela efanele



Make siqale

1. Yiziphi izithombe ezikhombisa abantu bedla ukudla okunempilo?
2. Yisho okunye ukudla okunempilo esithombeni.
3. Yikuphi ukudla okudlayo nakini?
4. Kungani kubalulekile ukudla ukudla okunempilo?
5. Zivocavoce ngalezi zindlela ukuze  ugcine umzimba wakho unempilo.
 - a) Donsela umoya wakho ngaphakathi nangaphandle, uphindaphinde.
 - b) Nyakazisa izihlakala kanye namaqakala akho ngokuthi unyakazise izandla nezinyawo ngendlela eyisiyingi.



Goba futhi uqondise amadolo akho.

Nyakazisa ikhanda lakho liye ngakwesokunxele, bese unyakazisa ikhanda lakho liye ngakwesokudla.


Uhlala kanjani unempilo

Uma sinakekela imizimba yethu, izitho zethu zomzimba zisebenza kahle futhi imizimba yethu iba namandla kakhulu.

Uma udla ukudla okulungile ngesikali esifanele, kugcina imizimba yethu inempilo.



ingqondo



amaphaphu

Ubuchopho namaphaphu ethu yizitho ezibaluleke kakhulu emizimbeni yethu.

Sigcina futhi imizimba kanye nemiqondo yethu iphilile ngokuzivocavoca, ukuphuza amanzi anele kanye nokulala ngokwanele.

isitho somzimba – ingxenye yesilwane noma yomuntu eyenza umsebenzi okhethekile

Igama elisha

Umsebenzi 1

Sebenza wedwa.

1. Funda uhlu lwezinto.
2. Bhala imikhuba emihle yezempilo encwadini yakho.

Imikhuba Enempilo Nengenayo Impilo?

Xoxa ngemizwa yakho.

Lala ngokwanele.

Geza umzimba wakho,
izandla nezinyawo.

Yidla ukudla
okunempilo.

Xubha amazinyo akho.

Phuza ikhofi.

Sebenzisa usawoti
omningi esidlweni sakho.

Zivocavoce.

Bukela i-TV impelasonto
yonke.

Faka ushukela kukho
konke ukudla.

Yini esenza singabi nempilo?

Uma sidla ukudla okuningi okungenampilo futhi singazivocavoci imizimba yethu ingagula.

Umsebenzi 2

Sebenzani ngamaqembu.

1. Thola amagama okudla okungenampilo kuphazili yokucinga amagama.
2. Yakha umusho ngamagama amabili.

ikhekhe

ama-chips

ushukela

amaswidi

i-pizza

v	o	t	b	h	c	n	l	w	f	a	q
o	j	h	d	v	j	u	f	y	r	s	x
g	p	x	j	a	i	p	i	z	z	a	a
i	k	h	e	k	h	e	e	g	z	n	r
l	j	i	w	y	x	f	j	w	f	n	a
u	s	h	u	k	e	l	a	c	a	c	i
z	z	h	a	m	a	c	h	i	p	s	k
d	b	r	a	m	a	s	w	i	d	i	l

Izinto ezisilimazayo

Umsebenzi 3

Sebenza wedwa.

1. Buka izithombe.
2. Funda amagama ayizicaphuno.
3. Khetha igama ebhokisini ukuze uqedele umusho ngamunye.

utshwala

bhemi

izidakamizwa

Ukuze sigcine amaphaphu ethu enempilo, kufanele singa _____ **ugwayi**.



Ukuze sigcine isibindi sethu sinempilo, kufanele singaphuzi _____.



Ukuze sigcine izinhliziyi nezingqondo zethu zinempilo, kufanele singathathi **ezingekho emthethweni** _____.



ugwayi – ishubhu elincane lephepha eligcwele ugwayi elibhenywayo

okungekho emthethweni – into ephambene nomthetho noma ephula imithetho.

Igama elisha